DECEMBER-JANUARY ISSUE

# CEZ'EMTOTI

26 NOVEMBER 2007

INSIDE THIS ISSUE:

CEZA OPEN DAY 1

CEZA OPEN DAY CONTINUES 2

EDITOR'S NOTE 3

KNOW ALL ABOUT EAP 4

BUTTONING CEREMONY GROUP 4

HOSPITAL ACTIVITIES AND SPORTS 5

SPECIAL POINTS OF INTEREST:

- **"Ceza Hospital promotes breast feeding and encourages women to breast feed."**
- **"Violence against women and vulnerable children is forbidden."**
- **We promote VCT and adherence to ARV treatment.**

## CEZA HOSPITAL OPEN DAY/IMBIZO

Kwakukuhle kwethu mhla kulusuku lwe Imbizo lapho isibhedlela sakwaCeza sasimeme umphakathi wonke wakwaCeza namaphethelo uzowazisa ngosizo olutholakala esibhedlela sakwaCeza.

Umcimbi wawusezingeni eliphezulu bukake wena ngoba wawuhanjelwe izicukuthwane zonke ongazicabanga. Kwakukhona umama uMemela ovela e-District office, Inkosi yendawo ubaba uNdebele, ikhansela likaMasipala wasOlundi uNkosikazi M L Buthelezi, amalunga ebhodi lesibhedlela sakwaCeza, izisebenzi zeminyango ehlukahlukene.

Ubaba uDlamini umphathi wesibhedlela wemukela izihambeli zethu wagcizelela ukuthi akuyekwe ukuhlukunyezwa kwabantu besifazane nezingane emphakathini, "Siphinde SILWE NOBUBHA, NOBUGEBENGU SINIKE ITHEMBA konke lokhu sikwenze ngokubambisana".

Ubaba uButhelezi oyilunga lebhodi yesibhedlela wathi umphakathi wakwaCeza kumele ukujabulele ukuba nesibhedlela esiwusizayo endaweni yawo. "Abelaphi bendabuko bakhona nabo kodwa abamanje sebesebenzisa zonke izitaputapu lezi bethi imithi yokwelapha kungakhona ukuthi ngibabukela phansi kodwa ngithi kufanele kubekhona ubudlelwane phakathi kwesibhedlela nabelaphi bandabuko", kusho ubaba uShenge.

Bakhuluma abasebenzi bakwaCeza bageqa amagula ngalolonke usizo abalunika umphakathi. Okwajabulisa umphakathi kakhulu ukuthi usizo selutholakala nsuku zonke e-Gateway clinic nangezimpelasonto mahhala. Usister Khumalo wanxusa umphakathi ukuthi ulethe izingane ekliniki zizogoma ngoba umgomo ubalulekile ezinganeni ukuze zikhule kahle.

"Ave kubalulekile ukuncelisa ingane ibele ngoba akubizi mali, PHANSI NGEBHODLELA PHANSI, PHEZULU NGEBELE PHEZULU." Lawa ngamazwi ashiwo umhlengikazi B N C Mbatha ethula inkulumo yakhe ngokubaluleka kokuncelisa ibele.

Abazali kumele basekele izingane zabo ekukhulelweni kwazo ukuze zikwazi ukuthola usizo ikakhulukazi njengoba sekwabakhona izifo ezinhlobonhlobo. Umhlengikazi u– E N Buthelezi wakhuluma ngezifo eziyimbelesela wanxusa umphakathi ukuthi kumele balande amaphilisi bawadle nsukuzonke njengokulayelwa udokotela noma unesi.



*Umama uMemela wayethula inkulumo yakhe enohlonze*



*Umphakathi ulale ngokukhulu ukuzimisela izikhulumi zethula izinkulumo zazo.*

***"Alone you can do so little; together we can do so much"***

*Iyaqhubeka ekhasini elilandelayo*

## OPEN DAY/IMBIZOIYAQHUBEKA




*Aren't they beautiful? Laba ngabasebenzi bakwaCeza ababesipha izinkulumo ezimnandi nezinohlonze. Kusukela kwesokunxele u– M P Langa osuka kwa HIV/ AIDS unit, A W Buthelezi osuka kwi-TB unit, kube umhlengikazi waseSizana clinic, kube u-B N C Mbatha osuka kwa-PHC unit besekuba u– G T Mthethwa osuka e-Ante-Natal clinic. Siyabonga kakhulu mbokodo niyibambe njalonje*.




*Mrs Gwala wakwa EMRS ethula inkulumo yakhe enohlonze neyakhayo emphakathini.*

Unkosikazi Gwala wacacisa ukuthi bona kwa EMRS abasibona abashayeli bama-ambulance njengoba abantu bebabiza kanjalo kodwa bangabanikezi bosizo oluphuthumayo. U-EMRS usebenza amahora angamashumi amabili nane yize noma benezinqinamba emsebenzini wabo ngenxa yabantu abaganga ngocingo.

"Kunabantu abafonayo beganga ngocingo sicela umphakathi ulekelele ngoba kufa abantu kungenasidingo",kusho unkosikazi Gwala. Kwa– EMRS basebenza ngaphansi kwezimo eziphuthumayo njengezingozi zemoto, assault cases, abashile, izingane ezikhishwa yizisu, kanye nabalunywe yizinyoka.

Banemifundaze yabafisa ukuyofundela ukusebenza ngezimo eziphuthumayo, ukuze wamukeleke kufanele ube nezifundo zeMathematics, Physical Science kanye neBiology.

"Abantu kumele bahlolele igciwane ukuze basheshe bathole usizo, njengokulapheka kusenesikhathi, ukuthola imishanguzo yokuthiba igciwane ngoba sonke siyazi ukuthi ingculazi ayelapheki", lawa ngamazwi ashiwo ashiwo umhlengikazi M P Langa ethula inkulumo yakhe. PHAMBILI NGOKUZITHIBA OCANSINI, NGOKUTHEMBEKA KUMLINGANI WAKHO NANGOKUSEBENZISA IJAZI LOMKHWENYANA.

Umhlengikazi A W Buthelezi wacacisela abantu ukuthi isifo sofuba siyelapheka kodwa umphakathi kumele uqaphele ngoba i-TB iyashesha ukubhebhetheka.

Sekunomthetho omusha wokuthi uma sikhwehlela sikhwehlelele endololwaneni hhayi esandleni. Uma usutholile ukuthi usunegciwane lesifo sofuba kumele udle ukudla okunempilo.

"Abantu abagula ngengqondo kumele banikwe uthando nokunakekelwa okwengeziwe", washo umhlengi M O Buthelezi. Wathi abantu abayeke ukubhe ukubhema insangu ngoba iyingozi kubantu bagcina sebegula ngengqondo.

Ubaba uNdebele Inkosi yendawo wancoma isibhedlela ngokuthi siphumele obala sitshele umphakathi ngezinto esizenzayo. Umama uMemela uDistrict Manager wathi akugqugquzelwe abantu bendawo abafundele ubudokotela ukuba basebenzele ezibhedlela zendawo.

Wancoma abasebenzi bakwaCeza wathi basebenza kahle nangokuzimisela. Wathi baqhubeke njalo nomsebenzi omuhle. Wakhuluma ngesakhiwo esisha se OPD yakwaCeza wathi sidle u-15 million wamarandi, kwavuleka namathuba emisebenzi.

"Uma abantu benezinkinga abaphumele obala ukuze basizakale", kusho umama uMemela.

Asizithande, sithande imizimba yethu, sitshale izingadi ukuze kondliwe izingane emakhaya.

> **"We are not just ambulance drivers but we provide emergency care to all those who are in need of our help" Mrs Gwala, Manager EMRS.**



*Our programme director of the day. Isn't he handsome, can somebody please give me his number?*

## FROM THE PRO CORNER

Firstly I would like to introduce myself to you. My name is Londiwe Nothando Dlamini PRO Intern. I feel very honored to be part of this family for this short period because I will be with you for only 12 months and I hope that I will enjoy each and every minute that I will spend with you good people.

Ngiyazi abaningi sebeyangazi kwazise kade ngabakhona kulesisibhedlela. I hope ngisaziphethe kahle akekho esengike ngamephula umoya uma ekhona yobe kuleyondawo, we all do mistakes no one is perfect in this world.

I would also like to introduce our new Public Relations Officer Mfundo Buthelezi who has joined us . I hope you will enjoy working with him 'cause he is the good guy. Ladies watch out.

Good people I hope sizosebenzisana kahle kuze kube sekugcineni. I would also like to thank all the people who have contributed to the success of this newsletter, without you this wouldn't be a success.



Ihhovisi lomxhumanisi livuleleke kuwowonke umuntu noma ubani ofisa ukwedlulisa izinkinga zakhe, feel free to visit us, our office is opposite Human Resources Office or you can call us on extension 290 from 07h30– 16h00

May God's blessings and mercies continually upon you and your families.

May His glory and love be reflected through your life, may 2008 be the year of harvest and revival in your life.

MERRY CHRISTMAS AND THE HAPPY NEW YEAR!!

## FROM THE HOSPITAL MANAGER'S CORNER

On behalf of the hospital management, I would like to wish all staff at Ceza Hospital a blessed Christmas, a peaceful and prosperous new year.

May I also express my heartfelt gratitude for your dedication, hard work, support and co-operation through out this year 2007. I trust that in the spirit of Batho Pele, we will with commitment, strive towards continued excellence in service delivery. Your positive contribution as in the past will further improve service delivery in the community and district as a whole.

For those who will be travelling this festive season, please be careful, watchful and drive safely.

MAY GOD BLESS YOU AND BE WITH ALL OF US. Mr B B Dlamini



Mr B B Dlamini, Hospital CEO

**'May I also express my heartfelt gratitude for your dedication, hard work, support and co-operation throughout this year'**

## STAFF WELLNESS DAY

The hospital hosted the staff wellness day event on the 15th of November 2007. The aim of the event was to inform and encourage staff to use wellness services available in the hospital such as Employee Assistant Programme, Health and Safety and HIV/AIDS in the workplace.

The event was educational and useful to all staff from the top to the low level.

Miss N H Khumalo, EAP Practitioner explained in detail about what her office is doing and encourage people to come forward anytime if they have personal problems.

Mr M T C Khumalo, Health and Safety Officer said every individuals are responsible for their own health and safety so people must always take good care of themselves and Miss T Mbatha, HIV/AIDS Site Mentor said that employees should feel free to come and test for their HIV status so that they can get help as soon as possible because we all know that PREVENTION IS BETTER THAN CURE.



*Ceza District Hospital staff listening attentively to their colleagues*

## INTRODUCING, EAP PRACTITIONER:MSN KHUMALO

Thola usizo kwi-Employee Assistant Programme (EAP) Practitioner

Sizakala ngokuthi usebenzise uhlelo lwe– EAP olutholakala lapha esibhedlela sethu olwenzelwe bonke abasebenzi.

ISINGENISO

Umnyango wezempilo ubambisene nesibhedlela sakwaCeza uyayinakekela impilo nenhlalakahle yabasebenzi futhi uyaqonda ukuthi izinkinga abasebenzi ababhekana nazo ziyabakhubaza emsebenzini wabo.

Lokhu kugcina kwenza ukuthi umsebenzi angawenzi ngendlela elindelekile umsebenzi wakhe.

IYINI I- EAP?

I– EAP uhlelo olubekwe emsebenzini olwenzelwe ukusiza nasekuxazululeni izinkinga ezenza ukuthi umsebenzi angenzi umsebenzi wakhe ngendlela elindelekile.

YILUPHI USIZO OLUTHOLAKALAYO KULOLUHLELO?

Ukwelulekwa ezinkingeni:

- Zemishado
- Zemindeni
- Ezokuphuza ngokweqile
- Ezesandulela ngculazi nengculazi
- Zengcindezi
- Ukuphathwa kwemali
- Udlame lwasekhaya
- Nokunye okungakhubaza umsebenzi
- Ukuhlukumezeka emsebenzini

UBANI ONGATHOLA USIZO KULOLUHLELO?

Bonke abasebenzi bomnyango wezempilo abasebenza esibhedlela sakwa-Ceza kubandakanya nabasebenzela emitholampilo engaphansi kwesibhedlela sakwa-Ceza.

KUFANELE NGIKHOKHE MALINI UKUZE NGITHOLE USIZO?

Usizo lutholakala mahhala kodwa uma wedluliselwa kubasizi abazimele kuyomele uzikhokhele izindleko zosizo oyolunikwa.

YIZIPHI IZINTO EZIQINISEKISWA YILOLUHLELO?

Uhlelo lakwa-EAP luqinisekisa ukuthi konke okuxoxiwe kuyogcinwa kuyimfihlo ngokuthi wonke amafayela abasebenzi abathintekayo akhiyelwe futhi akekho onelungelo lokuwathola ngaphandle komsebenzi waloluhlelo.

LUTHOLAKALA NGAZIKHATHI ZINI USIZO KULOLUHLELO?

Umsebenzi angavakashela ihhovisi laloluhlelo elitholakala khona lapha ngaphakathi esibhedlela e-AB building kwi– ground floor eduze nehhovisi lakwa– Infection control. Sivula ngo 07h30 ekuseni sivale ngo 16h00 ntambama. Usizo lutholakala kusukela ngoMsombuluko kuya kuLwesihlanu

Abasebenzi bayacelwa ukuthi bangahlali nezinkinga ngoba loluhlelo olwabo ngakho mabalusebenzise.



*Miss Ncamisile Khumalo Ceza District Hospital Employee Assistant Programme (EAP) Practitioner*

*"Everyday our lives brings the opportunity for a new beginning and there is never a better time than now"*

## BUTTONING CEREMONY FOR GROUP 6/2007

The buttoning ceremony for group 6/2007 was held at Ceza District Hospital on the 08th of August 2007.

The programme was being directed by Mr Ayanda Buthelezi and Ms C N Mbatha (tutor) welcomed all the guests that were present. Mrs Ngcobo reminded the new nurses to always take good care of patients and always ask from their seniors if there is something that they don't understand.

I have asked some of the students that how do they feel about the whole event.

"I am so happy that today I have been given the yellow button for doing the great job", said Sibonsiso Ndabandaba.

Mr Ozias Buthelezi said the buttoning ceremony is the key for them as students to go to hospital wards and nurse the patients. It is the first step for nursing Course.



*Students doing their thing*



*Ceza sub-campus tutors listening attentively to their students*

## SISHAYA KWASANI

Ceza District Hospital soccer and netball teams have worked hard to keep our image this year.

What witness this is that this year both teams have won all the friendly matches that they have played and they also won the Zululand District  tournament which was held in Ulundi stadium. They also brought all the trophies. Our cupboards are full we don't even know where are we going to store them.

Keep up the good work and please good people behave yourself during the festive season 'cause we need you all next year.

Ngingakhohlwa kanjani yimizwilili yethu nayo egile izimanga kulonyaka yasiqoqela izinkomishi ngaphanangapha. Sibonga kakhulu kumbhidisi ubaba uManqele ukube ubengekho ngabe asikho la esikhona ezingeni lomculo.





Yizo lezi izingwazi zethu esigabe ngazo. Ngenhla iqembu le-netball. Ngezansi iqembu le–soccer

## SIYIXOXA NGEZITHOMBE



*Ceza Hospital choir entertaining the audience during the Open Day event*



*From left: Dr John Ogungbure, our Medical Doctor, Dr Buthelezi and Mr V Lukhele Acting PRO both from Thulasizwe hospital*



*Mrs K J Phewa, Nursing Manager expressing the vote of thanks to all our guests.*

*The team who made the whole event of the Imbizo successful*



We are on the web

Www.kznhealth.gov.za

Ceza District Hospital
Private Bag x 200
CEZA
3866
Phone: 035 832 0001/2 EXT 290
Fax: 035 832 0027
E-mail: www.kznhealth.gov.za



*At Ceza District Hospital we care about people who are affected and infected by HIV/AIDS disease.*

**CEZA DISTRICT HOSPITAL ISCOMMITTED TO QUALITY SERVICES.**

***About us!1***

**Our vision is to provide optimal health status to all persons in Ceza area of DC 26.**

**Our mission is to render quality hospital and primary health care services, which are customer orientated, sustainable, co-ordinated through comprehensive multi-disciplinary approach applying the Batho Pele principles within the available resources.**

**Our core values is dedication, commitment to performance, trust, integrity, courage to learn, change and innovate, transparency and consultation.**

## THE NEW BUILDINGS OF THE OUT PATIENT DEPARTMENT





*Ceza District Hospital new OPD in construction. The constructors have done the great job so far and it seems we are going to have the most beautiful OPD. Anyway siyanibongela our hospital's image is going to improve because what you see is what you get. I hope people will be doing their job nice and effectively in the new buildings.*